INCWADI YESIGABA 14 SOMKHANDLU KAZWELONKE WEZENTUTHUKO YOMNOTHO NEZABASEBENZI, (NEDLAC)

1. OKUQUKETHWE

1. Okuqukethwe
2. Imininingwane ngokweSigaba 14
   - A. Imisebenzi nohlaka loMkhandlu kaZwelonke Wezentuthuko Yomnotho Nezabasebenzi, iNational Economic Development and Labour Council [ISigaba 14(1)(a)]
     - i. Imisebenzi yeNEDLAC
     - ii. Umdwebo wohlaka lweNEDLAC
     - iii. Uhlaka lweNEDLAC
   - B. Imidati yalabo ongaxhumana nabo [ISigaba 14(1(b)] Umphathi wezokwazisa nemidati yalabo ongaxhumana nabo
   - C. Umhlahlandlela weSigaba 10 sendlela okusetshenziswa ngayo lo Mthetho [ISigaba 14(1)(c)]
   - D. Ukufinyelela kumarekhodi agcinwe yiNEDLAC [ISigaba 14(1)(d)]
     - i. Ukuvezwa kwamarekhodi ngaphandle kokufaka izicelo [ISigaba 14(1)(e)]
     - ii. Amarekhodi anokucelwa [ISigaba 14(1)(d)]
     - iii. Inqubo yokufaka izicelo
   - E. Usizo oluthokalayo [ISigaba 14(1)(f)]
     - i. Uhlobo losizo
     - ii. Indlela yokufinyelela kulolu sizo
   - F. Izinhlelo ezivumela ukuzibandakanya komphakathi ekwenzeni inqubomgomo nokusetshenziswa kwamandla eNEDLAC [ISigaba 14(1)(g)]
   - G. Okukhona okunokwenziwa uma uma kwenziwa okuphambene nemibandela yalo Mthetho [ISigaba 14(1)(h)]
   - H. Olunye ulwazi olunqunywe ngokwalo Mthetho [ISigaba 14(1)(i)] Alukabikho ulwazi olunqunywe nguNgqongqoshe kule Mithetho

2. IMININGWANE NGOKWESIGABA 14

A. Imisebenzi nohlaka loMkhandlu KaZwelonke Wezentuthuko Yomnotho Nezabasebenzi, iNational Economic Development and Labour Council [ISigaba 14(1)(a)]

Imisebenzi yeNEDLAC njengoba inqunywe yiSigaba 5 (1) soMthetho weNedlac (Act 35 of 1994) imi kanje:

5. (1) Lo Mkhandlu -

(a) uzozama ukugqugquzela izinhloso zokukhula komnotho nokubamba iqhaza ekuthathw eni kw ezinqumo ngezomnotho kanye namathuba alinganayo kw ezenhlalakahle yemiphakathi;
(b) uzozama ukufinyelela ekuvumelaneni nokuthatha izinqumo ngezivumelw ano eziphathelene nemigomo yezomnotho nezenhlalakahle yabantu;
(c) uzonaka yonke imithetho ehlongozw ayo yezabasebenzi ephathelene nenqubomgomo yezabasebenzi ngaphambi kokw ethulw a kw ayo ePhalemende;
(d) uzonaka zonke izinguquko ezisemqoka emigomw eni yezomnotho nezenhlakahle yabantu ngaphambi kokuba ziqale ukusebenza noma ngaphambi kokuba zethulw e ePhalemende;
(e) uzokhuthaza ugqugquzele ukw enziw a kw enqubomgomo ehlanganisiw eyo ngezenhlakahle yabantu nezomnotho.

(2) Ukufeza izinhloso zesigatshana (1), lo Mkhandlu -

(a) ungenza uphenyo ocabanga ukuthi ludingekile;
(b) uzoqhubeka nokuhlola uhlaziye ezenhlalakahle yabantu nezomnotho;
(c) uzohambisana nokw enzeka emazw eni omhlaba ngenqubomgomo yezenhlalakahle nezomnotho;
(d) uzoqhubeka nokuhlola ukusebenza kw emithetho nenqubomgomo enomthelela kw inqubomgomo yezenhlalakahle nezomnotho;
(e) ungalw enza ucw aningo kw ezenqubomgomo yezenhlalakahle nezomnotho;
(f) uzosebenza ngokubambisana neminyango kaHulumeni nezinhlangano zezomthetho nezinhlelo kanye nezinye izigcaw u namagatsha ezinhlangano ezingekho ngaphansi kukahulumeni, ababambe iqhaza ekw enziw eni nasekusebenziseni inqubomgomo yezenhlalakahle nezomnotho.

(3) Akukho okukulesi sigaba okuzovimbela loMkhandlu ekunakeni noma ngabe yiluphi udaba oluphathelene nenqubomgomo yezenhlalakahle nezomnotho.

ii. Umdwebo wohlaka lweNEDLAC



iii. Uhlaka lweNEDLAC

INEDLAC inehhovisi elilodwa likaZwelonke eliseGoli. Le nhlangano yakhiwe

- Ngamalungu amele osomabhizinisi.
- Ngamalungu amele abasebenzi.
- Ngamalungu amele ezemiphakathi nezentuthuko.
- Ngamalungu amele uHulumeni.

Osomabhizinisi bamelwe yizinhlangano zabo iBusiness South Africa (BSA) kanye neNational African Federated Chamber of Commerce (Nafcoc). Inhlangano iBusiness South Africa imele umfelandawonye wezinhlangano eziyi-19 zabaqashi nokuhlanganisa, phakathi kwezinye, iChamber of Mines, i-AHI, iSouth African Chamber of Business neFoundation for African Business and Consumer Services. INafcoc yona imele ikakhulukazi amabhizinisi amancane nezinhlangano eziyi-18 zezifundazwe noma ezezimboni.

Ezemiphakathi nezentuthuko zona zimelwe yilezi zinhlangano ezilandelayo: iWomen's National Coalition (WNC), iNational Co-operatives Association of South Africa (NCASA), iDisabled People South African, iSouth African National Civic Organisation (Sanco) neSouth African Youth Council (SAYC).

Ezabasebenzi zimelwe umfelandawonye wezinyunyana iCongress of South Africa Trade Unions (Cosatu), iFederation of Unions of South Africa (Fedusa) neNational Council of Trade Unions (Nactu).

Izithunywa zikahulumeni kwiNedlac zithathwa eminyangweni ehlukene, okuhlanganisa owezabasebenzi, owezezimboni nezohwebo, owezezimali, owezemisebenzi yomphakathi kanye nowezokuthuthukiswa koMthethosisekelo. Abanye abamele eminye iminyango babamba iqhaza ezinhlakeni zeNedlac ngokwezinhloso ezithile. Lokhu kubandakanya iminyango yezenhlalakahle, eyezamandla nokumbiwa phansi nehhovisi lePhini likaMongameli.

IHhovisi Lezobubhalane liholwa nguMqondisi omkhulu, uMnu Herbert Mkhize, kanti liqukethe amalungu abasebenzi afinyelela ku-19 nabhekene nomsebenzi wezobubhalane ezinhlakeni ezehlukene zeNedlac.

B. Imidati yalabo ongaxhumana nabo [ISigaba 14(1)(b)]

Umphathi wezokwazisa:

Mnu Herbert Mkhize – UMqondisi Omkhulu
inforequests@nedlac.org.za

Iphini Lomphathi Wezokwazisa:

Jennifer Wilson
Umhlanganisi Wezokuxhumana inforequests@nedlac.org.za

Ulwazi ngokubanzi:

Ikheli: 14A Jellicoe Avenue
Rosebank
Johannesburg
2196

Ikheli laseposini: PO Box 1775
Saxonwold
2132

Ucingo: +27 11 328-4200
Ifeksi: +27 11 447-2089
Website: www.nedlac.org.za

C. Umhlahlandlela weSigaba 10 sendlela okusetshenziswa ngayo lo Mthetho [ISigaba 14(1)(c)]

IKhomishini yakuleli Yamalungelo Esintu kulindeleke ukuba iqikelele ukuthi lo mhlahlandlela uyatholakala engakapheli u-Agasti 2003.

D. Ukufinyelela kumarekhodi agcinwe yiNEDLAC [ISigaba 14(1)(d)]

i. Ukuvezwa kwamarekhodi ngaphandle kokufaka izicelo [ISigaba 14(1)(e)]

Isimemezelo ngokweSigaba 15(2) sichaza imikhakha yamarekhodi ezinhlangano, natholakala ngaphandle kokuba umuntu afake isicelo ngokwalo Mthetho. Isimemezelo seNEDLAC ngokweSigaba 15(2) asikahlanganiswa. Kodwa la marekhodi alandelayo ayatholakala ngaphandle kokufaka isicelo ngokwalo Mthetho:

Imibiko yonyaka – 1995-2002

Imibiko yezingqungquthela (Summit reports) – 1996-2002
Imibiko yabezindaba – 1995-2003

Izivumelwano nemibiko:

UMKHANDLU (CHAMBER) WEZENTUTHUKO

- Imigomo yezentuthuko yasekhaya
- Igatsha lezentuthuko kuZwelonke (1996)
- Isimemezelo ngobugebengu nodlame (1996)
- Imibiko ngezentuthuko yezenhlalakahle nezomnotho kuleli
  1997 | 1998 | 1999 | 2000 | 2001
- Isivumelwano sohlaka kwezokudalwa kwamathuba emisebenzi ezinhlelweni zemisebenzi yomphakathi nasembonini yezokwakha (1997)
- Imigomo ngezentuthuko yasekhaya (1997)
- UMthetho Wezosizo Lwamanzi, iWater Services Act (1997)
- UMthethosivivinywa Wezamanzi KuZwelonke, iNational Water Bill (1998)
- UMthethosivivinywa Wezosizo Lwamanzi, iNational Water Service Bill
- Umbiko okhethekile ngezezindlu (1997)
- IMemorandamu Yokuqonda Ngezentela Yemisebenzi, iMemorandum of Understanding on Service Tariffs (1998)
- Uhlelo lukaMongameli kwezezindlu, iPresidential Lead Project on Housing (1998)
- Uhlelo lukaMasakhane (1998)
- UMthethosivivinywa Wezinhlelo Zomasipala, iMunicipal Systems Bill (1999)
- Ukwenziwa kwengqalasizinda eNingizimu Afrika (2000)

UMkhandlu Wezemakethe Yabasebenzi

- UMthetho Wezabasebenzi, iLabour Relations Act, 1995
    - Izichibiyelo kulo Mthetho, uMthetho iLabour Relations Act
    - IShejuli 7 yalo Mthetho, uMthetho iLabour Relations Act
    - IShejuli 9 yalo Mthetho, uMthetho iLabour Relations Act
    - Imithetho yekomiti lemisebenzi esemqoka
    - Inkantolo Yezabasebenzi Neyokudluliswa Kwamacala Abasebenzi
    - Isibonelo soMthethosisekelo WoMkhandlu Wezemithetho
- Isincomo ngezivumelwano ze-ILO eziyi-14 (1995-2000)
- Isichibiyelo eMthethweni wokuhluleka ukukhokha izikweletu, uMthetho i-Insolvency Act (1996)

- UMthetho Wezokuphepha Nezempilo Ezimayini, iMine Health and Safety Act (1996)
- UMthetho Wokuhlanganiswa Kwemithetho Yezabasebenzi, i-Integration of Labour Laws Act (1996)
- Isichibiyelo eMthethweni wokunxeshezelwa ngokulimala nokugula emsebenzini, uMthetho iCompensation for Occupational Injuries and Diseases Act (1997)
- UMthetho wezimo abasebenzi abasebenza ngaphansi kwazo, iBasic Conditions of Employment Act (1997)
- UMthethosivivinywa wezichibiyelo zezokuphepha nezempilo, iMine Health and Safety Amendment Bill (1997)
- Imithetho yokuziphatha okuhle maqondana nokudilizwa emsebenzini ngenxa yemigomo yezokusebenza (1998)
- Imithetho yokuziphatha okuhle nxa kubhikishwa (1998)
- Imithetho yokuziphatha okuhle uma kusingethwe amacala okuhlukumeza ngokocansi (1998)
- UMthethosivivinywa wezichibiyelo zoMthetho wezabasebenzi, iLabour Relations Amendment Bill (1998)
- UMthetho Wezokuthuthukiswa Kwamakhono, iSkills Development Act (1998)
- UMthetho wamathuba alinganayo emsebenzini, i-Employment Equity Act (1998)
- UMthethosivivinywa wezichibiyelo zomshwalense uma umuntu engaqashiwe, i-Unemployment Insurance Amendment Bill (1998)
- Imithetho yokuziphatha okuhle ekuvikeleni abasebenzi abakhulelwe nabancelisayo (1998)
- Imithetho yokuziphatha okuhle ngokuhlela isikhathi sokusebenza (1998)
- Imithetho esiza ekusebenziseni uMthetho iBCEA (1998)
- Amaphuzu ngemibiko, nedluliselwa embonini yezokuqashwa nezabasebenzi emazweni eSADC (1998)
- Umhlahlandlela wamazwe eSADC ngamalungelo, iSADC Charter of Fundamental Rights (1998)
- Isimemezelo samazwe eSADC ngemikhiqizo (1998)
- Imithetho yamazwe eSADC ngokuphepha ekusebenziseni amakhemikhali esifundeni samazwe eSADC (1998)
- UMthethosivivinywa womshwalense nxa umuntu engaqashiwe nezimali ezifakwa kulo mshwalense (2000)
- Umbiko kaHulumeni ngokufuduka kwabantu ezingeni lamazwe omhlaba (2000)
- Ukulawulwa koMthetho wokwehluleka ukukhokha izikweletu (2000)
- Imithetho yokuziphatha okuhle ngesandulela-ngculazi nengculazi emsebenzini (2000)
- Izichibiyelo emithwethweni yezabasebenzi (2001)

- Ukuklanywa kwezimboni, okuqhubekayo
- Ukuhlanganiswa kwabakhethelwa ukuba semaBhodini ezinhlangano zezomthetho, okuqhubekayo
- Izincomo maqondana nokukhethwa kwamajaji Enkantolo Yezabasebenzi Neyezokwedluliswa Kwamacala Abasebenzi, okuqhubekayo
- Umbiko weNedlac ngeMithethosivivinywa yezichibiyelo zoMthetho Wezabasebenzi (2001)

UMkhandlu Wezohwebo Nezimboni

- Ukusungulwa kwegatsha lokugqugquzela ukutshalwa kwezimali kuZwelonke, iNational Investment promotion Agency (1995)
- Ukugqugquzelwa kokweseka osomabhizinisi abancane (SMME's) kwezobuchwepheshe nezokukhangisa (1995)
- Uphenyo ngomkhiqizo wakwaSasol, iSasol Synthetic-Fuel (1995)
- Isitatimende sakwaSasol (1996)
- Ukuhlolwa kohlelo iRegional Industrial Development Programme, i-RIDP (1996)
- UMthethosivivinywa kaZwelonke wawosomabhizinisi abancane (1996)
- Uhlelo lwezezimali zabathumela imikhiqizo ngaphandle kuleli, i-Export Finance Guarantee Scheme (1995)
- Izinselelo zezindawo zokusebenza (1996 - 2000)
- Izivumelwano zezohwebo phakathi kwamazwe aseYurophu neNingizimu Afrika (1996-1998, neziqhubekayo)
- Izivumelwano zohwebo namazwe eSADC (1998)
- Uhlelo lwezenhlalakahle (1998)
- Umgomo wezokuqhudelana (1998)
- UMthethosivivinywa Wezokuphathwa Kwemvelo, iNational Environmental Management Bill (1998)
- Umbiko kahulumeni ngomgomo wezamandla (1999)
- Ukubamba iqhaza emhlanganweni wenhlangano yamazwe omhlaba kwezohwebo, iWTO Seattle Ministerial Meeting (1999)
- Inqubomgomo yezentuthuko yezimboni, i-Industrial Development Zone policy (2000)
- Ukuchitshiyelwa kwencwadi eyeseka izivumelwano zohwebo ezikhululekile zamazwe eSADC , iSADC Free Trade Agreement (2000)
- UMthethosivivinywa wokuthuthukiswa kokumbiwa phansi, iMineral Development Bill (2001)
- Ucwaningo lwabeFridge, oluqhubekayo

- Umkhankaso wokuziqhenya ngokuba yisakhamuzi sakuleli, iProudly South African campaign (2001)

UMkhandlu Wezezimali Zomphakathi

- Uhlaka lwesabelo sezimali: 1996-1997
- UMthethosivivinywa ohlanganiswayo ngoshwele kwezentela, iDraft bill on tax amnesty (1996)
- Umbiko ngezingxoxo zika-1997-1998 zesabelo sezimali (1997)
- Umbiko wophiko lwezentela ngezimali ezingenile zesabelo sezimali sika-1997-1998 (1997)
- Incwajana efundisayo ngohlelo lwezentela (1998)
- Umbhalo wezingxoxo ngesabelo sezimali sezempilo nesezemfundo (1998)
- Insalela yezikhwama zezempesheni (2000 - 2001)
- Imihlangano yezokwazisa ngohlaka lwemali yezindleko, iMedium Term Expenditure Framework (1999, 2000)
- Umhlangano wezokwazisa ngemigomo yebhange-ngodla (Monetary Policy) (1999)
- Umhlangano wezokwazisa ngohlaka lwemigomo yokuhlelwa kabusha kwempahla kaHulumeni

Izivumelwano nemibiko ngemithetho yokuziphatha okuhle:

- Imithetho yokuziphatha okuhle maqondana nokudilizwa kwabasebenzi ngenxa yezizathu zemigomo yokwenziwa kwemisebenzi
- Imithetho yokuziphatha okuhle ngezokubhikisha
- Imithetho yokuziphatha okuhle ngokuphathwa kwamacala okuhlukunyezwa ngokocansi
- Imithetho yokuziphatha okuhle ngamaphuzu asemqoka ezesandulela-ngculazi nengculazi uqobo kanye nezokuqashwa kwabasebenzi

Izivumelwano nemibiko ngezinye eziyinhlanganisela:

- Ukuhlolwa kwe-RIDP kanye nohlelo lwezentela iTax-Holiday Scheme
- Umbhalo wezingxoxo ngohlaka lokubambisana kwezenhlalakahle kanye nokwenziwa kwezivumelwano kwiNedlac (16 Okthoba 1995)
- Izingqungquthela zeNhlangano Yamazwe Omhlaba Kwezabasebenzi (International Labour Organisation Conventions)
- Incwadi eneziphakamiso eyeseka ukuqokelwa ezinhlanganweni eziphathelene nomthetho
- Incwadi eneziphakamiso eyeseka ukwethulwa kwezindaba ePhalamende

Ucwaningo olwenziwa ngokwesikhwama socwaningo ekukhuleni kwentuthuko yezezimboni kanye nokulingana kwamathuba

1. Ucwaningo iPetrochemicals, Plastics And Synfibre Cluster Study (1998) Volume 1.
2. Ucwaningo iPetrochemicals, Plastics And Synfibre Cluster Study (1998) Volume 2.
3. Okwenzeka emazweni omhlaba ekuxhaseni ezokuqeqesha ngezimali: umbiko ohlanganisa imiqondo ehlukene owenzelwe iBhodi iNational Training Board (1995).
4. Izindleko ngezokuqeqesha embonini yezikhungo (amakholeji) zangasese (1996).
5. Ukusimamisa ezokukhangisa nezobuchwepheshe, okwenzelwa osomabhizinisi abancane ababizwa ngeSmall, Micro And Medium-Sized Enterprises (1994).
6. Ukwenziwa kohlaka lokugqugquzela ukutshalwa kwezimali eNingizimu Afrika entsha (1995).
7. Ucwaningo ngezethekhnoloji ezibizwa nge-The South African Electronics Cluster (1996).
8. Ucwaningo ngezemboni yempahla yokudla, i-The Ceramic Tableware Industry (1997)
9. Ukuhlolwa kwe-RIDP: Umbiko ngokufingqiwe walokho okutholakele nalokho okuthathwa njengengqikithi yomphumela wokuhlola kanye nezincomo.
10. Ukuhlola ngokufingqiwe (Evaluation Brief 2.1.4).: Ubudlelwano be-RIDP nokuvumelana kwayo (noma ukungavumelani kwayo) nezinhlelo zezentuthuko yomnotho noma izinhlelo ezikhuthazayo ezifundazweni ezabe zaziwa njengezizimele (TBVC) ngesikhathi sobandlululo.
11. Incazelo yemigomo eqhathaniswayo yezimboni zezifunda (1996)
12. Ukuhlola ngokufingqiwe 2.1.3. Ukuhlola kwe-SRIDP ka-1993 ngokwezinhloso ezibekiwe zenhlosombono (ze-Mission Statement) (1996).
13. Uhlelo luka-1991 lwezentuthuko yezimboni zezifunda: eBrits naseNkowankowa (1996).
14. Ukuhlola ngokufingqiwe 2.1.5.: Ukuhlola ukusebenza kwePast Programme Administration.
15. Ukuhlola ngokufingqiwe 2.2.3.: Ukulinganiswa kwemigomo esebenzayo njengamanje yezentuthuko yezimboni zezifundazwe, izinhlelo kanye namandla okuphatha.
16. Ukuhlola ngokufingqiwe 2.1.2. Ukuhlolwa kwe-RIDP ngokwezinhloso ezibekiwe senhlosombono (1996).
17. Incazelo yemithetho kaZwelonke yokwesekwa kwezemikhiqizo (Manufacturing): Imigomo yosomabhizinisi abancane (SMME's) kanye nezinhlelo ezibakhuthazayo (1996).
18. Ukuhlolwa kuka-1992 kohlelo lwezentuthuko yezimboni zezifunda kanye ne-RIDP ka-1993 ebekwe ngokusobala: Umlando wakho nokuhlola okubizwa nge-Macro Evaluation (1996).
19. Ukulinganiswa kwamandla eziShayamthetho ezingeni likaZwelonke nelezifundazwe nelohulumeni basekhaya maqondana nezentuthuko yezimboni (1996).
20. Ukusetshenziswa kosizo lwamanye amazwe ekwesekeni izinhloso zezezimboni nezohwebo (1996).

21. Ukuhlolwa kwe-RIDP KwaZulu / Natal (1996).
22. Umbiko ngokuhlolwa kwe-RIDP ne-RIDP ebekwe ngokusobala eFree State kulezi zindawo: Botshabelo / Selosesha nasePhutditjhaba / Industriqua.
23. Ukuhlolwa kwe-RIDP: eNtshonalanga Kapa, eMpumalanga Kapa naseNyakatho Kapa.
24. Ukuhlolwa kwe-RIDP KwaZulu / Natal (Ukuhlolwa kwendawo yasePinetown; eRichards Bay; Umbiko we-Isithebe; Indawo yasePort Shepstone; ukuhlolwa kwendawo yaseNewcastle).
25. Uhlelo lwezokuvakasha, iNational Tourism Collaborative Planning Action Initiative
26. Imboni yezezimbali kuleli, i-SA Flower Industry Cluster
27. Ezesilikhoni (Silicon Cluster)
28. Imikhiqizo yezinkampane zemishanguzo (Pharmaceutical Manufacturing)
29. Umthelela wemithetho yezikhwama zikapulastiki kwezomnotho nezenhlalakahle
30. Ukubuyekezwa kwengqalasizinda yeSouth African Standards, Quality Assuarance, Accreditation and Metrology (SQAM)
31. Ukuziphendulela kwamazwe asethuthukile kuzoba naliphi ithonya engqungqutheleni yohlaka lweNhlangano Yezizwe ngezinguquko zakuleli (Microsoft PowerPoint)?
32. Indlela yokukhawulezisa ezokuvakasha kuleli – Incwadi yabaphathi bezentuthuko yezokuvakasha
33. Ukusetshenziswa kohlelo iGlobally Harmonised System (GHS) lokuhlelwa ngezigaba kwamakhemikhali kuleli: Umbiko wenqubekela phambili No. 1

Uma ufuna ikhophi yalolu cwaningo thintana nabeFridge kwethi 011 269-3635

ii. Amarekhodi anokucelwa [ISigaba 14(1)(d)]

Incazelo yezihloko nemikhakha yamarekhodi agcinwe abeNedlac:

***Isihloko**: Inqubomgomo yezentuthuko*
***Umkhakha**: imibhalo yemihlangano yemiKhandlu eshaya umthetho(Izinhlelo zemihlangano (ama-ajenda), amaminithi emihlangano, imibiko, amakhophi ezethulo)*
***Umkhakha ongaphansi komkhulu:** Imibhalo yemihlangano yamakomiti amancane (izinhlelo zemihlangano, amaminithi emihlangano, imibiko, amakhophi ezethulo). La makomiti amancane alandelayo angaphansi koMkhandlu Wezentuthuko:*

Elezemfundo
Elezokuvikeleka Komphakathi
Elohulumeni basekhaya
Elemisebenzi Yezamanzi
Elamabhizinisi aqhutshwa ngokubambisana (ngokubambisana noMkhandlu Wezezimboni Nezohwebo)
Elezezindlu

Elohlelo Lwezokuthuthukiswa kwamakhono, iNational Skills Development Strategy
Elezivumelwano zengqungquthela yezemisebenzi kaMongameli, iPresidential Job Summit Agreements
Ele-ACP-EU

Amakomiti amancane ayesebenza kuqala kodwa angasebenzi okwamanje:

Elemboni yezokwakha
Ele-HIV/AIDS
Elengqalasizinda
ElikaMasakhane
Elezokuthutha
Ele-Transitional National Development Trust
EloMthethosivivinywa wezinhlangano ezingasebenzeli inzuzo
EleMvula trust
Elamasu ezindawo zasemakhaya nezasedolobheni

***Isihloko**: Inqubomgomo Yezemakethe Yabasebenzi*
***Umkhakha**: Imibhalo yemihlangano yoMkhandlu (izinhlelo zemihlangano, amaminithi omhlangano, imibiko, amakhophi ezethulo)*
***Umkhakha ongaphansi komkhulu:** Imibhalo yemihlangano yamakomiti amancane (izinhlelo zemihlangano, amaminithi emihlangano, imibiko, amakhophi ezethulo). La makomiti amancane alandelayo angaphansi koMkhandlu Wemakethe Yezabasebenzi:*

Elokuklama (Demarcation)
Elokufuduka kwabantu bamazwe omhlaba
Elezingqungquthela zenhlangano yamazwe omhlaba yezabasebenzi, i-ILO
Elezokukhiqiza
Elekusasa lenkantolo yezabasebenzi nelenkantolo yokwedluliswa kwamacala ezabasebenzi

Amakomiti ayekhona phambilini kodwa angasebenzi okwamanje:

Elezichibiyelo zemithetho yezabasebenzi
Elezokuphepha nezempilo ezindaweni zokusebenza
Elemithetho yokuziphatha okuhle
EloMthetho wezimo abasebenzi abasebenza ngaphansi kwazo, uMthetho i-BCEA
Elokulingana kwamathuba okuqashwa emsebenzini
Elezokuthuthukiswa kwamakhono

***Isihloko**: Imigomo yebhange-ngodla nezimali zomphakathi*
***Umkhakha**: Imibhalo yemihlangano yoMkhandlu (izinhlelo zemihlangano, amaminithi emihlangano, imibiko, amakhophi ezethulo)*
***Umkhakha ongaphansi komkhulu:** Imibhalo yemihlangano yamakomiti amancane (izinhlelo zemihlangano, amaminithi emihlangano, imibiko,*

amakhophi ezethulo). La makomiti amancane alandelayo angaphansi koMkhandlu wemigomo yebhange-ngodla nezezimali zomphakathi

Elesabelo sezimali
Elokuguqulwa komkhakha wezezimali

Amanye amakomiti amancane angayibambi imihlangano okwamanje:

Elokuzitholela impahla okubizwa nge-Preferential procurement
Elensalela yezezimpesheni
Elezokulawulwa kokudayiselana namanye amazwe (Exchange control)
Elezinguquko kwezentela
Elokutshalwa kwezimali kwingqalasizinda
Elokuhlelwa kabusha kwempahla kahulumeni

***Isihloko**: Inqubomgomo yezezimboni nezohwebo*
***Umkhakha**: Imibhalo yemihlangano yoMkhandlu (izinhlelo zemihlangano, amaminithi emihlangano, imibiko, amakhophi ezethulo)*
***Umkhakha ongaphansi komkhulu:** Imibhalo yemihlangano yamakomiti amancane (izinhlelo zemihlangano, amaminithi emihlangano, imibiko, amakhophi ezethulo). La makomiti amancane alandelayo angaphansi koMkhandlu Wezezimboni Nezohwebo:*

Elosomabhizinisi abancane nokugidlabezwa kwabampisholo ngamandla kwezomnotho
Elengqungquthela yamazwe omhlaba kwezentuthuko esimeme EleNepad
Elohlelo lokufakwa kwamatekisi amasha esikhundleni sasebenzayo njengamanje (Ele-Taxi-Recapitalisation Project)
Elamasu kwezezimboni
Elozokuxhunyaniswa kwezohwebo nemikhakha yezomnotho
Eleziphakamiso zaseMelika ngokuvikeleka kwama-Container
Elenqubomgomo ngamachweba kaZwelonke (National Commercial Ports Policy)
EleMithetho ebizwa ngeNational Procurement Regulations (ngokubambisana ne-PFMPC)
Elezingqungquthela zemikhakha yezomnotho (Sector Summits)
Elengqugquthela yomkhakha we-ICT, i- ICT Sector Summit
Elengqungquthela ebizwa ngeMetals and Engineering Sector Summit
Elengqungquthela ebizwa ngeChemicals Sector Summit
Elesikhwama socwaningo kwezentuthuko yezezimboni, ukukhula komnotho namathuba alinganayo
Elendlela yentuthuko ehambisana nenhlanzeko

Amanye amakomiti amancane angayibambi imihlangano okwamanye:

Elesivumelwano esikhululekile sohwebo phakathi kwamazwe aseYurophu nelakuleli (EU-SA Free Trade Agreement)
Elenqubomgomo yezokuqhudelana
Elezentela yezimpahla eziphumayo nezingenayo kuleli (Customs)
Elezokuphathwa kwezemvelo
Elezindawo zokuthuthukiswa kwezimboni
Elesikhwama semali evela eJaphane
Elezamandla nokumbiwa phansi
Elezikhwama zikapulastiki
Elokuziqhenya ngokuba isakhamuzi sakuleli
EleSouth African Customs Union–Commission for International Trade Administration
Elohlelo lwezenhlalakahle
Elohlelo lwezentuthuko yezimboni ezifundeni, iRegional Industrial Development Programme

***Isihloko**: Ukuphathwa kwemisebenzi (Management of processes)*
***Umkhakha**: Imibhalo yemihlangano yekomiti lezokuphatha neyoMkhandlu omkhulu (izinhlelo zemihlangano, amaminithi emihlangano, imibiko, amakhophi ezethulo)*
***Umkhakha ongaphansi komkhulu:** Imibhalo yemihlangano yamakomiti amancane (izinhlelo zemihlangano, amaminithi emihlangano, imibiko, amakhophi ezethulo). La makomiti amancane alandelayo angaphansi kwekomiti lezokuphatha:*

Ikomiti lezezimali
Ikomiti leSigaba 77
Elesivumelwano sikaZwelonke ngokunqandwa nokwelashwa kwesandulela-ngculazi nengculazi uqobo (National Framework Agreement on HIV/AIDS Prevention and Treatment)

<u>Isihloko: Ezezimali nezokuphatha</u>

1. Ezabasebenzi
   - Imigomo ngokuhehwa kwabasebenzi neminye imigomo ephathelene nezabasebenzi
   - Amarekhodi ezokuqashwa kwabasebenzi neminye imigomo ephathelene nalokho
2. Ukuzitholela impahla
   - Irejista yempahla
   - Imigomo yokuzitholela impahla

3. Ukuphathwa kwezezimali
   - Izabelo zezimali
   - Amasu kwezokuhlela amabhizinisi (Strategic plans)
   - Izethulo ze-MTEF

Isihloko: Ihhovisi lobubhalane

- Amaminithi emihlangano yehhovisi lobubhalane
- Amarekhodi emihlangano yokubonisana nawezingqungquthela ezihanjelwe
- Amaphepha athuliwe

iii. Inqubo yokufaka isicelo

Lowo ofaka isicelo kufanele avunyelwe ukufinyelela kumarekhodi enhlangano yomphakathi uma kungukuthi lowo ofaka isicelo uyakufeza lokhu okulandelayo:

- Lowo ofaka isicelo ufeza yonke imigomo yenqubo ekulo Mthetho maqondana nezicelo zokufinyelela kulawo marekhodi; kanti
- Ukufinyelela kulawo marekhodi akufanele kwenqatshelwe ngenxa yanoma ngabe yisiphi isizathu esibekwe kulo Mthetho.

Isimo sesicelo:

- Lowo ofaka isicelo kufanele asebenzise ifomu eliphrintwe kuSomqulu kaHulumeni [Govt. Notice R187- 15 Febhuwari 2002] (Form A).

- Lowo ofaka isicelo kufanele asho futhi ukuthi lowo ofaka isicelo ufuna ikhophi yala marekhodi yini noma ufisa ukuza azobheka la marekhodi emahhovisi ale nhlangano yomphakathi. Noma, uma kungukuthi la marekhodi akakho esimweni sombhalo kube kungukuthi uwabheka ngendlela acelwe ngayo, uma kunokwenzeka lokho [isig *29(2)*].

- Uma kungukuthi umuntu ucela ukufinyelela kumarekhodi ngendlela ethile, lowo ofake isicelo kufanele afinyelele kulawo marekhodi ngendlela eceliwe. Lokhu kuzokwenzeka ngaphandle kwesimo lapho ukwenzenjalo kuzogxambukela ngokungafanele ekuqhutshweni kwemisebenzi yaleyo nhlangano yomphakathi, noma kulimaze lawo marekhodi noma kuthathe amalungelo obunikazi okungewona amalungelo kahulumeni. Uma kungukuthi akunakufinyelelwa kumarekhodi ngendlela acelwe ngayo ngenxa yezizathu eziphathekayo, kodwa ngenye indlela, imali yokufinyelela kuwo iyolinganiswa ngendlela ayezotholakala ngayo uma kade ekhishwe ngendlela acelwe ngayo ekuqaleni [isig *29(3) no- (4)*].

- Uma kungukuthi, ngaphezu kwempendulo ebhalwe phansi yesicelo samarekhodi, lowo ofake isicelo ufisa nokwaziswa ngennye indlela ngesinqumo sesicelo, isib. ngocingo, lokhu kufanele kuvezwe [isig. *18(2)(e)*].

- Uma kungukuthi lowo ofaka isicelo solwazi ucelela omunye, isikhundla okucelwa ngaso lawo marekhodi kufanele sivezwe [i*sig 18(2)(f)*].

- Uma kungukuthi lowo ofaka isicelo akakwazi ukufunda nokubhala, noma uma kungukuthi ukhubazekile, bangasifaka leso sicelo samarekhodi ngomlomo. Kuleso simo umphathi wezokwazisa kufanele agcwalisele lowo ofaka isicelo ifomu bese ebanikeza ikhophi yalo [i*sig. 18(3)*].

Kunezinhlobo ezimbili zemali okudingeka ukuba ikhokhwe ngokwalo Mthetho, okungeyokufaka isicelo neyokufinyelela kumarekhodi:

Lowo ofaka isicelo samarekhodi aqukethe ulwazi oluqondene nalowo ofaka isicelo, akudingekile ukuba lowo ofaka isicelo akhokhe imali yokufaka isicelo. Kodwa omunye ofaka isicelo, nokungeyena ofaka isicelo esiqukethe ulwazi oluqondene nalowo ofaka isicelo, yena kufanele ayikhokhe imali yokufaka isicelo:

- Umphathi wezokwazisa kufanele azise lowo ofake isicelo (ngaphandle kwalowo ofaka isicelo samarekhodi aqukethe ulwazi ngalowo ofaka isicelo) ngesimemezelo esidinga ukuba lowo ofaka isicelo akhokhe imali enqunyiwe (uma idingekile) ngaphambi kokuba kuqhutshekwe nokucubungula isicelo sakhe.

- Imali ekhokhwayo yokufaka isicelo ezinhlanganweni zomphakathi ingu-R35. Lowo ofaka isicelo angasifaka isicelo sangaphakathi sokwedluliswa kwalesi sinqumo, noma afake isicelo enkantolo esiphikisa le thenda noma ukukhokhwa kwale mali yokufaka isicelo.

- Emva kokuba umphathi wezokwazisa esesithethe isinqumo ngesicelo, lowo ofake isicelo kufanele aziswe ngaleso sinqumo ngendlela lowo ofake isicelo acele ukuba aziswe ngayo.

- Uma kungukuthi leso sicelo siyavunywa kuyokhokhwa enye imali yokufinyelela kulawo marekhodi nokungeyokucinga nokuhlela nokukhiqiza kabusha lawo marekhodi kanye neyesikhathi eseqile emahoreni anqunyiwe okucinga nokuhlela lawo marekhodi ukuze akwazi ukuvezwa.

E. <u>Usizo olutholakalayo</u> [Isigaba 14(1)(f)]

<u>Uhlobo losizo</u>

AbeNedlac bahlinzeka ngosizo kula malungu abo: Uhulumeni, osomabhizinisi, abasebenzi, nomphakathi. AbeNedlac abahlinzeki ngosizo, ngaphandle kokufinyelela emibikweni, njalonjalo.; kumalungu omphakathi.

F. **<u>Izinhlelo ezivumela ukuzibandakanya komphathi ekwenzeni inqubomgomo nokusetshenziswa kwamandla eNedlac</u> [Isigaba 14(1)(g)]**

KwaNEDLAC, izinhlelo zokubandakanywa komphakathi zihlanganisa lokhu okulandelayo:

Ingqungquthela yonyaka yeNedlac – kumenywa izinhlangano eziningi ezingekho ngaphansi kukahulumeni; amalungu ePhalamende; abethula izifundo nabangabacwaningi ezikhungweni zemfundo ephakeme kanye nabanye abathintekile kwezomnotho, bamenyelwe kule ngqungquthela yonyaka.

Amesemina (Roundtable Seminars) – amasemina ahlelelwe izinhloso ezithile ayabanjwa lapho kumenywa khona abethula izifundo nabangabacwaningi ezikhungweni zemfundo ephakeme, amalungu ePhalamende, kanye nabanye abathintekile.

G. **<u>Okukhona okunokwenziwa uma kwenziwa okuphambene nemibandela yalo Mthetho</u> [ISigaba 14(1)(h)]**

AbeNational Economic Development and Labour Council, njengeKhomishini Yamalungelo Esintu yakuleli kanye nezinye izikhungo zeSahluko 9 (ngokoMthethosisekelo waseNingizimu Afrika, Act 108 1996) abanayo inqubo yokwedluliswa kwezinqumo kwangaphakathi njengezinye izinhlangano eziningi zomphakathi. Ngakho-ke kufanele kuyiwe ezinkantolo uma kungukuthi kwenzeke okuphambene nemibandela yalo Mthetho kulezi zinhlangano. Lokhu kuzosebenza kunoma ngabe yisiphi isimo lapho ofake isicelo efisa ukwedlulisa isinqumo esithathwe ngumphathi wezokwazisa. Nakuba kubalulwa inqubo yokwedluliswa kwangaphakathi kwezinqumo,kodwa lokhu kuya ngendlela elandelwayo kuleyo nhlangano yomphakathi ukuze kube lula ukwedluliswa kwangaphakathi kwaleso sinqumo.

H. **<u>Olunye ulwazi olunqunyiwe ngokwalo Mthetho</u> [ISigaba 14(1)(i)]**

Okwamanje alukho ulwazi oluvela kuNgqongqoshe Wezokuthuthukiswa KoMthethosisekelo ngokweSigaba 92, nolungafakwa lapha.